CLLR CYRIL XABA
Mayor of eThekwini Municipality

ISAZISO NGOKWELULWA KWESIKHATHI NGOXHASOMALI LWAMA GRANT-IN-AID ONYAKENI KA-2024/2025

UMasipala weTheku welekelela ngoxhasomali izinhlangano zomphakathi ezinenjongo efanayo nekaMasipala yokwenza ngcono izinga lempilo yabantu baseThekwini, ikakhulu labo ababencishwe amathuba phambilini. Lolu xhaso lungenye yezindlela uMasipala afukula ngazo imiphakathi kanti futhi luyingxenye yezinhlelo zikaMasipala zentuthuko. Isikhathi sokufaka izicelo zokuthola lolu xhasomali lwe-Grant-in-Aid onyakeni wezimali ka-2024/2025 sesiluliwe njengoba kuzoze kuvalwe mhlaka 30 Novemba 2024. Yizinhlangano ezikule mikhakha elandelayo ezesekwayo.

Owezemidlalo • Amasiko nezokungcebeleka • Owezinkulisa ezinakekela futhi ezifundisa abantwana • Owezokuthuthukisa umnotho • Owezenhlalakahle • Owezokuthuthukisa amakhono • Nezinhlangano zenkolo ezisebenzela umphakathi wonkana.

Amafomu okufaka izicelo asatholakala kwi-website kaMasipala: www.durban.gov.za, emahhovisi omnyango wakwa-Community Paticipation & Action Support asesikhungweni sikaSizakala sasePinetown, e-3rd Floor, Room 311, emahhovisi amakhansela kanye nasemahhovisi omnyango wakwa-Community Participation & Action Support asezifundeni ezehlukahlukene abaliwe lapha ngenzansi:

ISIFUNDA	IGAMA LENHLANGANO	INOMBOLO YOCINGO
North Region	*Tongaat Sizakala Centre, 323 Main Road*	*(031) 322 2164*
South Region	*Kingsburg Sizakala Centre, 9 Mayor Mew*	*(031) 311 5830*
North Central Region	*Kwamashu Sizakala Centre, E1139 Nontombela Road*	*(031) 311 4608*
South Central Region	*Mega City Shopping Centre, 1 Floor, Sizakala Centre, 50 Mangosuthu Highway*	*(031) 311 5203*
Outer West Region	*Pinetown Civic Centre, 60 Kings Road*	*(031) 322 4197*
Central West Region	*Westville Civic Centre, 1 Williams Lester Drive*	*(031) 311 6683*

UMA UNEMIBUZO, XHUMANA NO:
Sandile Ngwane, oyi-Grant-In-Aid Co-ordinator: 031-311 6195 noma uZami Nene, oyi-Beneficiary Support Officer: 031 311 6171. Ungasebenzisa nale nombolo yethu ye-GIA Support uma unemibuzo: 031 322 2014.

Kumele uqiniseke ukuthi wonke amaphepha nezincwadi ezidingekayo kulethwa nesicelo sakho. Amafomu agcwalisiwe nawo wonke amaphepha ahambisana nawo, bese ebuyiselwa emahhovisi akwa-Grant-In-Aid emnyangweni wakwa-Community Participation & Action Support asesikhungweni sikaSizakala sasePinetown, esitezi sesithathu (3rd Floor), Room 311, okanye athunyelwe kuleli kheli le-email kuphela: GIA.Sundry@durban.gov.za hhayi kunoma yiliphi elinye ikheli le-email lomunye umuntu ngisho noma ngabe lowo muntu ungumsebenzi kaMasipala. Leli kheli le-email ngeke lisazamukela izicelo emva kuka-12:00 emini, mhlaka 30 November 2024.

Izinhlangano zepolitiki kanye nezemifelandawonye azamukelekile kulesi simemo sezicelo zoxhasomali. Futhi, nezinhlangano esezike zaluthola lolu xhaso kunyaka wezimali odlule angeke zibhekwe izicelo zazo. Azamukelekile kulesi simemo sezicelo zoxhasomali. Futhi, nezinhlangano esezike zaluthola lolu xhaso eminyakeni emibili eyedlule angeke zibhekwe izicelo zazo.

QAPHELA: IZINHLANGANO EBESE ZIFAKILE IZICELO, ASIKHO ISIDINGO SOKUTHI ZIPHINDE ZIFAKE FUTHI.